

Ukunakekela Ingane Yakho

Lapho okufanele Ukhathazeke khona nge-TB

Isifo sofuba (i-TB) siyisifo esibucayi kakhulu ngokuvamile esithinta isifuba kodwa futhi esibangela isifo ebuchosheni, enhliziyweni, esiswini, emathunjeni noma emathanjeni. Noma ubani angathola i-TB – izingane noma abantu abadala. Izingane ezithola i-TB zingagula ngokushesha futhi i-TB ingasakazeka kalula ezingxenyeni ezihlukile zomzimba.

Abantu abaphethwe i-HIV banathuba amaningi okuthola i-TB kodwa abantu abangenayo i-HIV nabo futhi bangayithola i-TB. Kulula kakhulu ukudlulisela i-TB, ngakho uma ingane yakho ike yathintana nomuntu one-TB, kufanele ihlolwe i-TB ngokushesha ngokunokwenzeka. I-TB iyakubangela ukufa, uma ingelashiwe.


Hambisa ingane yakho emtholampilo wendawo ngokushesha uma inanoma iyiphi yalezi zinkinga ezilandelayo:

- Ukukhwehlela amaviki angaphezu kwangu-2
- Ukuncipha emzimbeni noma ukungakhuli kahle
- Ukukhathala noma ayikuthandi ukudlala njengokuvamile
- Imfiva amaviki angaphezu kwangu-2
- Ukuthintana nomuntu ophethwe i-TB (ikakhulukazi umuntu ohlala ekhaya elifanayo)

Emtholampilo umhlengikazi wakho uzokubuza imibuzo futhi ahlole ingane yakho. Umhlengikazi angase futhi enze ukuhlola kwe-TB kwesikhumba noma i-X-ray yesifuba. Lokhu kuzosiza umhlengikazi ukuba anqume ukuthi ingabe ingane yakho inayo yini i-TB.

Uma ingane yakho ine-TB, izodinga umuthi we-TB okufanele uphuzwe njalo izinyanga ezingu-6.

Uma kukhona othile ekhayeni ophethwe i-TB, qiniseka ukuthi zonke izingane zihlungelwa i-TB emtholampilo, ngisho noma izingane zibonakala ziphilile noma zingenazo izimpawu. Uma ingane yakho ingaphansi kuka-5 noma ine-HIV, buza umhlengikazi wakho ukuthi ingabe ingane yakho iyawudinga yini umuthi wokunqanda i-TB.



USAID Disclaimer

The creation of this material was made possible by the support of the American People through the U.S. Agency for International Development (USAID) under the Cooperative Agreement No. AID-674-A-12-00016. The contents are the responsibility of BroadReach Healthcare and do not necessarily reflect the views of USAID or the United States Government.

Visit www.brhc.com for more information.